Isivumelwano Saphakade

iSABATHA EMINI

Kuleliviki Funda Lokhu: *Gen. 12:1–3, Rom. 4:1–5, Eksod. 2:24, Dut. 5:1–21, Dut. 26:16–19, Dut. 8:5, Mat. 28:10.*

Indimana Yekhanda: **“ ‘Ngiyakumisa isivumelwano sami phakathi kwami nawe, nenzalo yakho emva kwakho ezizukulwaneni zayo, sibe yisivumelwano esiphakade, ngibe nguNkulunkulu wakho nowenzalo yakho emva kwakho’ ”** *(Genesis 17:7, NKJV)***.**

Ngase ngibona enye ingelosi indiza emkhathini wezulu, inevangeli eliphakade ilishumayela kwabahlezi emhlabeni, nakuzo zonke izizwe, nemindeni, nezilimi, nabantu” *(Samb. 14:6, NKJV)*. Qaphela, “*ivangeli laphakade*,” laphakade ngokuthi likhona njalo, njengokuthi belilokhu likhona, njengokuthi lathenjiswa kithi kuJesu Kristu “singakaqali isikhathi” *(Titus 1:2, NKJV)*.

Yingakho, kungamangalisi ukuthi iBhayibheli likhuluma ngezinye izikhathi “ngesivumelwano saphakade” *(Gen. 17:7, Isa. 24:5, Ezek. 16:60, Heb. 13:20)*, ngoba umongo wevangeli yisivumelwano, futhi umongo wesivumelwano yivangeli: uNkulunkulu ngomusa Wakhe osindisayo kanye nothando unikeza wena usindiso ongalufanele futhi ongeke wakwazi ukuluzuza; futhi wena, ngokuphendula, uthanda Yena “ngenhliziyo yakho yonke, ngomphefumulo wakho wonke, ngengqondo yakho yonke, nangamandla akho onke” *(Marko 12:30, NKJV)*, uthando olubonakaliswa ngokulalela imithetho Yakhe: “Ngokuba ukuthanda uNkulunkulu yilokhu ukuba sigcine imiyalo yakhe” *(1 John 5:3, NKJV)*.

Kuleliviki sizobuka umqondo wesivumelwano njengalokhu uvezwa encwadini kaDuteronomi, lapho isivumelwano kanye nakho konke okukuso kuvezwa khona.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, October 16.*

Isivumelwano NeVangeli

Kulo lonke iBhayibheli, isivumelwano nevangeli kuyahambisana. Nakuba umqondo wesivumelwano wawukhona ngaphambi kokubakhona kwesizwe sakwaIsrayeli (ngokwesibonelo, isivumelwano sikaNowa), futhi nakuba isithembiso sesivumelwano senziwa ngaphambi kokubakhona kwesizwe sakwaIsrayeli, sethulwa ngokugqamile ngendlela uNkulunkulu ayexhumana ngayo nabantu Bakhe, kusukela kokhokho babo, nezinzalamuzi.

Futhi kusukela ekuqaleni, iqiniso elingumongo wesivumelwano kwakuyivangeli: ukusindiswa ngokholo kuphela.

Funda: uGenesisi 12:1-3, Genesisi 15:5-18, nabaseRoma 4:1-5. Yisiphi isivumelwano sesithembiso esenziwa kuAbrahama, futhi ivangeli lembuleka kanjani kulesisivumelwano sesithembiso na?

_____

_____

UAbrahama wamkholwa uNkulunkulu, wakholelwa ezithembisweni zikaNkulunkulu kuye, futhi ngalokho walungisiswa phambi kukaNkulunkulu. Lesisimemezelo, nokho, sasingewona umusa oshibhileyo: uAbrahama wafuna ukugcina olwakhe uhlangothi lwesivumelwano ngokulalela, njengalokhu kubonaka kuGenesisi 22, Entabeni yaseMoriya. Konke lokhu, nakuba "ukholo lwakhe lubalelwa ekulungeni" *(Rom. 4:5, NKJV)*. Yingakho eminyakeni eminingi elandelayo, uPawule wasebenzisa uAbrahama njengesibonelo sokukchaza ukuphila ngesivumelwano sezithembiso zikaNkulunkulu ayezenzile nabantu Bakhe.

Lendikimba izwakala kulo lonke iBhayibheli. UPawule wayethula ngesinye isikhathi kwabaseGalathiya 3:6, lapho futhi ecaphuna uGenesisi 15:6 *(NKJV)*, mayelana nokholo luka-Abrahama "lubalelwa . . . kuye kungukulunga," futhi abhekisa esithembisweni esenziwa kuqala kuAbram mayelana nezizwe zonke zibusiswa enzalweni yakhe *(Gal. 3:9)*. Izithembiso zesivumelwano zenziwe kubo bonke, amaJuda nabeZizwe, "abangabokukholwa" *(Gal. 3:7)* futhi ngalokho, balungisiswa ngokholo ngaphandle kwezenzo zomthetho—nakuba befanele kangakani, ngenxa yesivumelwano, ukulalela umthetho.

Nangesikhathi uJeremiya ekhuluma ngesivumelwano esisha, ukwenza lokho ngokwengqikithi yomthetho: " 'Kepha yilesi esiyisivumelwano engizakusenza nendlu ka-Israyeli emva kwalezo zinsuku," usho uJehova: "ngiyakufaka umthetho wami ezibilinini zabo, ngiwulobe ezinhliziyweni zabo, ngibe nguNkulunkulu wabo, bona babe ngabantu bami' " *(Jer. 31:33, NKJV)*, eveza ulimi olusencwadini kaLevitikusi, "Ngiyakuhamba phakathi kwenu, ngibe nguNkulunkulu wenu, nibe ngabantu bami" *(Lev. 26:12, NKJV)*.

Lomqondo wesivumelwano somthetho kanye nevangeli uhambisana kanjani ngokuphelele neMibiko yeZingelosi Ezintathu zeSambulo 14, umbiko wokugcina kaNkulunkulu wokuxwayisa izwe na?

Isivumelwano no Israyeli

“ ‘Akungokulunga kwakho noma ngobuqotho benhliziyo yakho ungena ulidle izwe lazo, kepha kungobubi balezo zizwe uJehova uNkulunkulu wakho azixosha phambi kwakho nangokuba eyakuliqinisa izwi uJehova alifungela oyihlo, o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe’ ” *(Dut. 9:5, NKJV; buka futhi Dut. 9:27)*.

Iqiniso lezithembiso zesivumelwano libonakala kanjani kulendimana na?

_____

_____

Lapha, futhi, isivumelwano somusa siyaqhamuka: uNkulunkulu wabasebenzela—nakuba benza amaphutha njalo. (Lokhu, ngeqiniso, yindlela ivangeli elisebenza ngayo nanamuhla.) Futhi kwakungenxa yezithembiso ezenziwa kokhokho ukuba umusa unikezwa izizukulwane ezilandelayo.

Endleleni uMose ayebhekana nayo nabantu ababenikezwa izithembiso zesivumelwano, wayevama ukubhekisa emuva ezithembisweni zesivumelwano ezenziwa nezinzalamizi.

Funda: uEksodusi 2:24, Eksodusi 6:8, no Levitikusi 26:42. Yini eshiwo lapho esiza ekuboniseni indlela izithembiso zesivumelwano ezisebenza ngayo na?

_____

_____

Ufuduko oluphuma eGibhithe, Uphawu olukhulu lomusa kaNkulunkulu osindisayo, lwalugxile esivumelwaneni uJehovah ayesenze nokhokho babo. Okungukuthi, nangaphambi kokuba abazozuza lesisivumelwano bazalwe, izithembiso zenzelwa bona. Ngalokho, kungekho abakwenzile ukufaneleka, bamukela inkululeko eyayithenjisiwe, uNkulunkulu ayenzela bona ngezimangaliso nezigameko zoFuduko.

Nembala, izinto azigcinanga lapho. Basuka eGibhithe bayaphi na? Yebo, eSinayi, lapho isivumelwano kanye nabo sasekwa “ngokusemthathweni” *(buka uEksodusi 20)*. Futhi umongo walesosivumelwano kwakuyivangeli nomthetho, Imithetho Elishumi, ababebizelwe ukuba bayilalele, isibonakaliso sabo sobudlelwane obusindisayo phakathi kwabo noJehovah, owayesebahlengile (ivangeli). Yingakho, ngokuphinda phindiwe KuDuteronomi, babizelwa ekulaleleni umthetho njengengxenye yabo yesivumelwano, esaqiniswa eSinayi.

Iyiphi indima okumele umthetho kaNkulunkulu uyidlale ezimpilweni zethu namuhla, thina sisindiswe ngomusa, futhi kungani lowo mthetho ubucayi emaveni ethu noNkulunkulu na?

Incwadi YeSivumelwano

Nakuba umqondo wesivumelwano (berit ngesiHeberu), ukuchaza ubudlelwano bukaNkulunkulu nabantu Bakhe, utholakala kulo lonke iBhayibheli, leligama liqhamuka kakhulu kuDuteronomi okuyingakho uDuteronomi ebizwa nge "Ncwadi YeSivumelwano."

Bheka KuDuteronomi 5:1-21. Kwenzekani lapho okusiza ekuboniseni indlela umqondo wesivumelwano *(berit)* ongumongo ngawo encwadini kaDuteronomi na?

_____

_____

Kungekudala emuva kokuba abantwana bakwaIsrayeli behlengiwe eGibhithe, uNkulunkulu wasungula isivumelwano kanye nabo, eSinayi, ngaphambi nje kokuba kwakumele bangene Ezweni leSithembiso. Kwathi, ngemuva kweminyaka engu-40 bephambukile, ngaphambi nje kokuba bangene futhi Ezweni leSithembiso, okwakungumongo wesithembiso sesivumelwano *(buka uGen. 12:7, Eksod. 12:25)*, ngomlomo kaMose, uJehovah uyaphinda ubanikeza Imithetho Elishumi, indlela yokugcizela kabusha ukubaluleka kubo kokuvuselela izibopho zabo zesivumelwano.

Yebo, uJehovah wayezozifeza izithembiso zesivumelwano kubo. Okwamanje, nokho, babenesibopho sokugcina uhlangothi lwabo lwesivumelwano: " 'Wanimemezelela isivumelwano sakhe aniyala ngaso ukuba nisenze, imiyalelo eyishumi; wayiloba ezibhebheni ezimbili zamatshe' " *(Deut. 4:13, NKJV)*. Wakwenza lokhu eSinayi, futhi manje wayekwenza futhi, kwaMowabi, ngaphambi nje kokuba bathathe izwe elathenjiswa kubo ngesithembiso esenziwa kokhokho eminyakeni engaphambilini, ukufezeka "kwesivumelwano Saphakade" esandulela nako ukuba khona komhlaba.

"Ngaphambi kokuba izisekelo zomhlaba zibekwe, uBaba noNdodana babamunye esivumelwaneni sokuhlenga umuntu uma kwenzeka ehlulwa nguSathane. Babambana ngezandla Zabo ngesifungo sokuthi uKristu uzoba yisibambiso sesintu."—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 834.

Funda: uDuteronomi 5:3. Siwenza kanjani umqondo ngalendimana na?

_____

_____

Wayethini kubo uMose na? Kungenzeka ukuthi uMose wayegcizelela iqiniso lokuthi okhokho abasekho, futhi izithembiso zesivumelwano ezimangalisayo ezazenziwe nabo zasezenziwa kubo manje. Lokhu kusenokuba kwakuyindlela kaMose yokubazisa ukuthi bangamoshi izinto, njengesizukulwane esibandulelayo. Izithembiso (kanye nezibopho) manje ngezabo.

Abantu Bakhe Abakhethekileyo

Kulukhuni kithina namuhla ukuqonda okuningi ngobunjalo bezwe esikhathini sasemandulo ngesikhathi uIsrayeli ezula ehlane. Uma imibuso ifike yadlula ngokuphelele kwayo, sekusele amanxiwa (uma ekhona nawo), yini esingayazi ngezizwe eziningi ezincane zabahedeni ezaziphila esifundeni sinye noIsrayeli na?

Akukuningi, kodwa kunye esikwaziyo: lababantu babebishe ebuhedenini, ekukhonzeni onkulunkulu abaningi, kanye nezinye izenzo ezinyantisayo, kuhlangene nokunikela ngezingane. Zama ukucabanga ngokunyantisa kanye nobubi besiko kanye nenkolo okwakuyiko okwakwenza lokho ezinganeni zabo, futhi kwenziwe lokho egameni lesithixo!

Akumangalisi, ngokuphinda phinda, kuwo wonke umlando kaIsrayeli, uNkulunkulu waxwayisa abantu Bakhe ngokuba bangalandeli imikhuba yezizwe ezibazungezile. " 'Nxa usufike ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona, awuyikufunda ukwenza izinengiso zalezo zizwe' " *(Deut. 18:9, NKJV)*.

Futhi lokho kungenxa yokuthi uNkulunkulu wayebizele lesisizwe ngenhloso ekhethekileyo. Ngokungena esivumelwaneni noNkulunkulu, kwakumele babengabantu abakhethekileyo, ubufakazi emhlabeni ngoNkulunkulu owadala Izulu nomhlaba—uNkulunkulu okungukuphela Kwakhe.

Funda: uDuteronomi 26:16-19. Lobubudlelwano besivumelwano phakathi kukaNkulunkulu noIsrayeli bubalulwe kanjani kulezizindimana na? Ukuthembeka kwabo esivumelwaneni kumele kubonakale kanjani ohlobeni lwabantu okwakumele babe yibo na? Yiziphi izifundo esingazithathela zona kulokhu na?

_____

_____

Kuyathathekisa ukuthi uMose uqala lezizindimana ezine ngamazwi athi "namuhla," njengokuthi *njengamanje, futhi*, uNkulunkulu uniyaleza ukuba nenze lezizinto (uphinda umqondo kundimana 17). Wayekade njalo ebayaleza ukuba benze lezizinto. Kusengathi ubatshela ukuthi badinga ukuzinikela ngalesosikhathi, futhi ukuba bathembeke, babengcwele, babengabantu abakhethekile okuyisizathu esingumongo ngempela wokubakhona kwabo njengesizwe sesivumelwano. Babeyisona sizwe kuphela, njengesizwe, esasazi uNkulunkulu weqiniso futhi esasazi iqiniso ngaloNkulunkulu nangendlela ayefuna abantu baphile ngayo. Ngendlela eqondile, babengenalo kuphela "iqiniso lamanje" kodwa kwakumele bona, ngendlela yabo, babe yileloqiniso kuze kufike uJesu "oyiQiniso" *(Johane 14:6)*.

Kungani umqondo wokuzinikela "namuhla" kuNkulunkulu nasezimfunweni zesivumelwano Sakhe kufanelekile nakithina "namuhla" na?

Eminye Imifanekiso

Ukufunda ngezibhalo kade kwabona ukufana phakathi kwesivumelwano sikaIsrayeli noNkulunkulu kanye nezinye izivumelwano phakathi kwemibuso. Lokhu kuhambisana akumele kwethuse. UJehovah wayesebenza nje nabantu Bakhe esimweni abangasiqonda.

Ngaso lesosikhathi, umqondo wesivumelwano, isivumelwano esisemthethweni phakathi kwazigaba ezimbili, nemiqathango nezimiso nemithetho, kungabonakala kungenamizwa. Nakuba lokho kumele kubekhona (uNkulunkulu nguMnikimthetho), akwenabanga ngokwanele ukuba kwengamele ukujula nobubanzi bohlobo lobudlelwane uNkulunkulu ayebufuna nabantu Bakhe. Ngalokho, Eminye Imifanekiso isetshenzisiwe KuDuteronomi ukusiza ukuveza umqondo ofanayo wesivumelwano phakathi kukaNkulunkulu noIsrayeli, kepha ngokubuka ngenye indlela.

Funda: uDuteronomi 8:5; Duteronomi 14:1; noDuteronomi 32:6, 18-20. Hloboluni lomfanekiso osetshenzisiwe lapha, futhi lokhu kungasiza kanjani ukwembula Ubudlelwane uNkulunkulu ayebufuna nabantu Bakhe na?

_____

_____

Funda: uDuteronomi 4:20 no Duteronomi 32:9. Yimuphi umfanekiso osetshenziswe lapha, futhi lokhu kusiza kanjani ekwembuleni uhlobo lwesivumelwano uNkulunkulu ayebufuna nabantu Bakhe na?

_____

_____

Esigabeni ngasinye, kunomqondo womndeni, okumele empeleni ube ngosondelene kakhulu kuzo zonke izibopho. UNkulunkulu ufunile ngasosonke isikhathi ukuba nobudlelwane obunjalo nabantu Bakhe. Nangemuva kokulahla kwabo uJesu okuyihlazo ngesikhathi sesiphambano, uJesu wathi kuMaria ngemuva kokuvuka Kwakhe, " 'Hamba, uyobikela abafowethu ukuba bahambe baye eGalile; bayakungibona khona' " *(Mat. 28:10, NKJV)*. Nalapho enguKristu ovukileyo, wabhekisa kubafundi Bakhe njenga "bafowethu," isibonelo sothando nomusa ogelezela labo abangalufanele. Lokhu empeleni ngubunjalo bobudlelwane obulokhu buphakathi kukaNkulunkulu nesintu: umusa nothando kunizwa abangakufanele.

Hlobo luni lobudlelwane onabo noNkulunkulu na? Ungabudephisa kanjani futhi ufunde Ukuthanda Yena, Kusenjalo futhi uqonde isibopho sakho sesivumelwano sokulalela umthetho Wakhe na? Kungani lemiqondo emibili ingaphikisani kepha ivumelana na?

Ukucabanga Kabanzi: "Umoya wobugqili uzalwa ngukufuna ukuphila ngokwenkolo yomthetho, ngokuzama ukugcwalisa izimfuno zomthetho ngamandla ethu. Sinethemba kuphela lapho singena ngaphansi kwesivumelwano sika-Abrahama, okuyisivumelwano somusa ngokukholwa kuKristu Jesu. Ivangeli elashunyayelwa kuAbrahama, ngalo abanethemba, kwakuyilona vangeli elishinyayelwa kithina namuhla, ngalo esinethemba. UAbrahama wabheka kuJesu, onguMqalisi kanye noMphelelisi wokholo lwethu."—Ellen G. White Comments, *The SDA Bible Commentary*, vol. 6, p. 1077.

"Ngaphambi kokuba izisekelo zomhlaba zibekwe, uBaba noNdodana babamunye esivumelwaneni sokuhlenga umuntu uma kwenzeka ehlulwa nguSathane. Babambana ngezandla Zabo ngesifungo sokuthi uKristu uzoba yisibambiso sesintu. Lesisibopho uKristu usigcwalisile. Ngenkathi esesiphambanweni ekhala, 'Kuphelile,'wayebhekise kuBaba. Isivumelwano sasifezwe ngokuphelele. Manje uyamemezela: Baba, kuphelile. Ngiyenzile intando Yakho, O Nkulunkulu Wami. Ngiwuphelelisile umsebenzi wosindiso. Uma ukulunga Kwakho kwenelisekile, 'Ngiyafuna ukuthi nabo laba, onginikeze bona, babe Nami lapho ngikhona.' Johane 19:30; 17:24."—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 834.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1 Gxila emqondweni wokuthi nangaphambi kwezisekelo zezwe, uBaba noNdodana babe "munye esivumelwaneni" sokuhlenga thina uma sithe sawa. Kungani lokhu kumele kusikhuthaze thina na? Lokhu kumele kusifundiseni ngendlela uNkulunkulu afuna ngayo ukuba sisindiselwe embusweni Wakhe na?

2 Njengebandla lama-Seventh-day Adventist, yiziphi izindlela okumele sigcwalise ngazo indima uIsrayeli wasemandulo okwakumele ayigcwalise ngesikhathi sakhe na? Singafunda kanjani ukugwema amaphutha abawenza na?

3 Kungani ivangeli kanye nezithembiso zevangeli zingumongo wawo wonke umqondo weSivemelwano Esisha na? Yiziphi izindimana ongazithola kwiTestamente Elisha ezibonisa ukuthi umthetho nokulalela umthetho akuchithwanga ngaphansi kwesivumelwano Esisha, njengalokhu kuvame ukufundiswa ngamanye AmaKristu na? Ucabanga ukuthi kungani AmaKristu amaningi ethi ivangeli lichitha isidingo sokugcina Imithetho Elishmi na?